**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B no-C.
- Bhala umbuzo owodwa kuleso naleso sigaba.
- Yonke imibuzo mayiphendulwe ngesiZulu.
- Hlela izimpendulo zakho zihambelane nemibuzo.
- Ukubhala nokuhlela kahle umsebenzi kuyaziswa kakhulu.

---

## ISIGABA A

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ozinikiwe ubhale ngaso kugcwale AMAKHASI AMABILI noma kube amagama aphakathi kuka 250 – 300.

1.1 Kungcono ukuba yintombazane kunokuba ngumfana kuleli lizwe lakithi. / Kungcono ukuba ngumfana kunokuba yintombazane kuleli lizwe lakithi.


1.2 Afrika!

1.3 Iphupho lami.

1.4 Lo thisha ubeyikho konke kimina.

1.5 Lafa elihle kakhulu!

1.6 Buka lesi sithombe esingezansi bese ubhala indaba ngaso. Yinike isihloko indaba yakho.




**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezintathu ubhale ngaso kugcwale IKHASI ELILODWA VO noma umsebenzi wakho ungaba ngamagama aphakathi kuka 120 – 150.


2.1 Njengomphathisihlalo wekomiti labafundi besiZulu esikoleni kumele uyokwethula inkulumo emcimbini eniwenzelwe uthisha wesiZulu. Bhala INKULUMO yakho ozoyethula.

Isihloko sakho masithi, ‘Beyiyinde le ndlela’. Khumbula ukuthi obani laba okhuluma nabo kanye nenhloso yenkulumo yakho.

2.2 Amakhosikazi amabili atholana esitobhini. Ayaxoxa, kuze kufika lapho ekhuluma khona ngamalungelo abo njengabasebenzi. Enye incoma umthetho omusha ovikela amalungelo abo njengabasebenzi basemakhaya. Le enye ayiboni kanjalo. Kuyona lo mthetho iwubona unciphisa amathuba emisebenzi. Bhala INKULUMO-MPENDULWANO phakathi kwalawa makhosikazi.

2.3 Uma siya ezitolo sithola izinkinga ezinje ngalezi ezivezwe lapha esithombeni.

Bhala incwadi ubhalele abakhulu ubatshele ngenkinga yakho, ungacela iseluleko wethule nalokho ongathanda ukuthi kwenzeke.




**IMIKLOMELO YESIGABA B: [20]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale ngaso kube ikhasi ELILODWA VO noma umsebenzi wakho ube ngamagama ayi-120 – 150.

3.1 Lapha kwaDlamini kushone ugogo wakhona. Bhala UMLANDO KAMUFI ozofundwa ngelanga lomngcwabo.

3.2 Udadewenu uzoba nomkhulu umcimbi wokugubha usuku lokuzalwa. Ukucele ukuba umenzele amakhadi azomema ngawo abangani. Menzele ikhadi elisezingeni eliphezulu.

3.3 Abafundi basesikoleni sakho abanandaba nokonga amanzi, bashiya ompompi bezivuzela nje. Ubona kungumsebenzi wakho nawe ukuthi ubakhumbuze ngokubaluleka kokonga amanzi. Yenza IPHOSTA ezobakhumbuza lokhu ibuye ibazise ngobuhle bamanzi.

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [20]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**